



UNKK NOMAGUGU SIMELANE-ZULU
UNGOONGOQOSHE WEZEMPILO



UMNYANGO UQWASHISA UMPHAKATHI OSUKE USALINDE IMIPHUMELA NOMA OSUHAQWE YI-COVI-19 UKUTHI KUNGCONO UKULINDELA NOMA UKWELASHELWA ESIKHUGWENI SIKAHULUMENI KUNOKUTHI UMUNTU AZAME UKUZELAPHELA EKHAYA.

**SIPHINDE SINXUSA ODOKOTELA ABAZIMELE UKUBA BANGABAPHINDISELI
EMAKHAYA BENGABAHLOLILE ABANTU ABANEZIMPAWU ZE-COVID-19.**

IZIBALO ziyatshengisa ukuthi sesifike esikhathini lapho sikhula ngokudlondlobala isibalo sabantu abahaqwe yi-Coronavirus, ebuye yaziwe nge-COVID - 19.

Kepha siwuHulumeni sikhathazekile ngesibalo sabantu abagcina beshonela emakhaya ngoba bengezanga ukuzokwelashelwa ezikhungweni zezempilo ezinabasebenzi abaqeqeshelwe ukulwa nalesi sifo.

Yonke imitholampilo yethu siyiyalelile ukuthi uma kutholakala ukuthi umuntu unezimpawu zomkhuhlane kumele ahlolwe; futhi akekho umuntu okufanele abuyele emuva engahlolwanga i-Coronavirus.

Sinazo izindawo njengoMnyango wezeMpilo la wonke umuntu osehloliwe olindele imiphumela yakhe ye COVID-19 angahlala khona, enze lokhu okuthiwa uku-quarantina, okuchaza ukuzisusa phakathi komndeni noma umphakathi. Lokhu kusiza kakhulu labo isimo sasekhaya esingabavumeli ukuthi bakwazi ukuhlala ngabodwana.

Kubalulekile ukulandela lenqubo ngoba kuqinisekisa ukuthi uma kutholakala ukuthi umuntu unalo leli gciwane angalidluliseli emndenini nasezihlotsheni zakhe.

Siyabaxusa bonke asebehloliwe batholwa benalo leli gciwane ukuthi bangaqhubeki nokuhlala emakhaya bazinyange ngoba lokho kubebhethekisa ukuthi abantu bashone besemakhaya.

Noma kuthiwa ukholelwa ekugqumeni noma ekusebenziseni amakhathakhatha, kubalulekile ukuthi uqale esikhungweni sezempilo, futhi udle imishanguzo njengokwemigomo ebekwe abezempilo.

Kubalulekile ukuthi wonke umuntu onaleli gciwane abe ngaphansi kwesandla sikadokotela, futhi athole imishanguzo. Ngalendlela, abezempilo bazokwazi ukubheka nokulandelela baqinisekise ukuthi isifo asiqhubekeli phambili.

Sinazo izibhedlela ezihlonzelwe ukuthi zilalise abantu abanelesi sifo. Umnyango wezeMpilo usukhiphe izinombolo zocingo ezizoyalela bonke labo abadinga ukwazi ukuthi zikuphi izikhungo zoku-quarantina, futhi kungenwa kanjani kuzo.

Siyabaxusa bonke odokotela basema-surgery labo esithi ama-general practitioner ukuthi uma abantu befika kubona benezimpawu zomkhuhlane noma bebika ukuthi bayakhwehlela; bayashisa; noma baphelelwe yi-taste, babahlolile i-COVID - 19.

Umuntu akangayi kadokotela anikezwe imithi kuphela engahlolwanga, kodwa enalezi zimpawu. Uma abantu bengadluliselwa ezikhungweni zikahulumeni bagcina beshonela emakhaya, kokunye baze bangcwatshwe kungaziwa ukuthi babulawe yi-COVID - 19 okuyinto eyingozi kakhulu.

Kubalulekile ukuthi sazi ngaso sonke isikhathi ukuthi umkhuhlane ophethe umuntu wumkhuhlane owayelekile yini, noma yi-COVID -19.

Ukuhlolwa yikho kuphela okwenza umuntu azi ukuthi unaso yini lesi sifo noma cha.

***Siyacela ukuthi abantu bakithi balandele lemiyalelo
ukuze isizwe sonke siphephe!!!***

**NAZI IZINOMBOLO ONGAZISHAYELA UMA UFUNA
UKWAZI INDAWO NOMA IZIKHUNGO EZIHLONZWE
NGUHULUMENI ZOKUGCINA LABO ABASALINDE
IMIPHUMELA (UKU-QUARANTINA) NALEZO EZIGCINA
LABO ASEBEQINISEKISIWE UKUTHI LIBAPHETHE
IGCIWANE (ISOLATION) ESEDUZE NAWU, NOKUTHI
KUNGENWA KANJANI:**

AMAJUBA : 033 328 7051 / 034 328 7028

ETHEKWINI : 031 480 3701 / 031 480 3703
031 480 3782 / 031 480 3783

HARRY GWALA : 039 834 8276

IEMBE : 066 596 1746 / 067 353 7553

KING CETSHWAYO : 035 787 6316

UGU : 083 501 2387 / 066 492 2377

UMGUNGUNDLOVU : 033-897 1087 / 033-897 1047
033-897 1026 / 033-897 1046
033-897 1043 / 033-897 1055

UMKHANYAKUDE : 079 508 9829

UMZINYATHI : 034 299 9105 / 034 299 9131

UTHUKELA : 036 631 2202

ZULULAND : 035 879 1052 / 035 879 1053
035 897 1054 / 035 897 1055
035 897 1870



KWAZULU-NATAL PROVINCE

HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



KwaZulu-Natal Department of Health



KZN Department of Health



kznhealth



@kznhealth

**GROWING
KWAZULU-NATAL
TOGETHER**